# PHEZU KOMKHONO NSUKU ZONKE UKUSHESHISA UMSEBENZI



UMnu uJomo Sibiya, uNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu Nemisebenzi Yomphakathi eKZN.

**Umsebenzi owenziwe WuMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu kusukela ngo-Agasti 2016**

**88 085**
Izindlu ezakhiwe
Zicela ku-1 500 eziqedwa njalo ngenyanga

**28 402**
Iziza ezethuliwe
Zicela ku-500 ezethulwa njalo ngenyanga

## ABESEFIZANE NENTSHA EQHULWINI LOGUQUKO KWINGQALASIZINDA

ABAHOLI besifazane beMinyango Wezokuhlaliswa Kwabantu noWemisebenzi Yomphakathi ike yabasemcimbini noNgqongqoshe uMnu Jomo Sibiya mhla ka-30 Agasti 2021. Lo mcimbi ububizwa ngokuthi *The Infrastructure Revolution: Role of Women in Senior Management*. Amazwi okukhuthaza aqubule izinkulumo ezinamandla ngokuxhumana phakathi kwezithiyo ekulinganeni ngokobulili emkhakheni wezokwakha, ipolitiki, ezamabhizinisi, inkolo nesiko. Kudingidwe nangomdonsiswano ngendluzula ebhekiswa ebantwini besifazane.

UNgqongqoshe uSibiya uvakashelwe ngosonkontileka asebesimeme nabasafufusa basoLundi eSifundeni iZululand mhla ka-31 Agasti 2020. Ebophezela iminyango yakhe yomibili ekufukuleni abantu besifazane nokuletha ushintsho olubonakalayo, uthe: "Abantu besifazane kufanele banikwe ithuba lokuzibonakalisa emkhakheni wokwakha."



Abaholi besifazane beMinyango Wezokuhlaliswa Kwabantu noWemisebenzi Yomphakathi yaseKZN basanda kuhlangana noNgqongqoshe uMnu Sibiya eGreyville, kuMasipala waseThekwini.



Intsha esebenza emkhakheni wezokwakha isanda kuhlangana noMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu eKZN noMnyango weZemisebenzi Yabantu eKZN eMayville, kuMasipala waseThekwini. Lokhu kuhlangana, okungeminye yemikhankaso kahulumeni wokuqinisekisa ukungena kwentsha nokwandisa amathuba ayo kwingqalasizinda nezokwakha, bekuholwa nguNgqongqoshe Sibiya.

KWAZULU-NATAL PROVINCE
HUMAN SETTLEMENTS
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

STAY SAFE PROTECT SOUTH AFRICA

2030 NDP

GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER

# 'Ijubane nokwenza umsebenzi' ekuphuthumiseni izidingo



UNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu neMisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali uMnu Jomo Sibiya.

UNGQONGQOSHE Wezokuhlaliswa Kwabantu neMisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali uMnu Jomo Sibiya uyaqhubeka nokusebenza ngokuzikhandla njengoba ephethe izintambo kule minyango emibili njengoba ebophele ithimba lakhe ekulweni nobubha, athi "buyisitha sokuqala somphakathi".

UNgqongqoshe uzibambele mathupha endleleni edidiyele nesheshayo yokubeka eqhulwini ukuhlinzeka ingqalasizinda yezenhlalo nezomnotho empini yokulwa nobubha, ukusweleka kwemisebenzi, ukungalingani nobugebengu.

Ukubambisana, ukubamba iqhaza okuphuthumayo nokunomfutho – okubizwa nge"Imisebenzi ka Jomo" – kuvele kuveza ubufakazi obubonakalayo bukahulumeni olalelayo, ohloniphayo nonakekelayo osebenza ngokuzikhandla.

Izibopho azenze eNkulumweni YaseSishayamthetho yakhe yokuqala mhla ka-21 Meyi 2021 (esithombeni), eyayibizwa ngokuthi "A new wave of human settlements delivery to quicken the tempo to economic and job recovery, okungukuthi ngokuhunyushwa unyawo olusha kwezokuhlaliswa kwabantu ukuphuthumisa ijubane lokuvuseleleka komnotho nemisebenzi, kuyabonakala kwenziwa kubo bonke omasipala, lapho kugxilwe khona kwabantulayo nezimpofana.

Indima ekhathulwe wukuhlaliswa kwemiphakathi ikhula ngamandla esifundazweni sonke "ngemihla yonke yomsebenzi osheshayo".

## SIPHUTHUMISA AMATAYITELA UKUQEDA UBUBHA

Selokhu uNgqongqoshe uMnu Jomo Sibiya aqala emsebenzini mhla ka-9 Mashi 2021, awu-4 805 amatayitela akhishwe komasipala bendawo i-Greater Kokstad (awu-83), eMandeni (awu-1 277); eMooi Mpofana (awu-120); eNdumeni (awu-923); e-Alfred Duma (awu-2 280) eMsunduzi (awu-120). Ukuzinikela koMnyango kwikhwelo likaNgqongqoshe elithi "365 Days Speed and Efficiency", okusho ukuthi imihla yonke yomsebenzi ngokushesha, izokwenza ukuthi kukhishwe amatayitela awu-10 949 esifundazweni sonke ngonyaka wezimali wango-2021/22, uma kuqhathaniswa namatayitela awu-2 923 akhishwa ngo-2021/21.

**I-Helpdesk Yamatayitela: (031) 319 3800**
**Bhalela ku: titledeeds@kzndhs.gov.za**



UMasipala Wendawo iNdumeni eSifundeni uMzinyathi.



UMasipala Wendawo iMooi Mpofana eSifundeni uMgungundlovu.



UMasipala Wendawo uMsunduzi eSifundeni uMgungundlovu.



UMasipala weNdawo iMandeni eSifundeni ILembe.



UMasipala weNdawo iGreater Kokstad eSifundeni iHarry Gwala.

KWAZULU-NATAL PROVINCE
HUMAN SETTLEMENTS
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

STAY SAFE
PROTECT SOUTH AFRICA

2030 NDP

GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER

# Sipholisa amanxeba akudala ngesivunguvungu sokuhlinzekwa kwezindawo zokuhlala



UMama Fikelephi Zwane (ona-57) nomndeni wakhe wabayishiyagalombili bebeququdwa ngamakhaza obusika esakhiweni esiwayo kuMasipala Wendawo i-Alfred Duma eSifundeni uThukela kwaze kwangenelela uNgqongqoshe uSibiya neNhloko yoMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu uMnu uMdu Zungu ngemva kokuzwa ngosizi lwabo. AbakwaZwane baqale bahlinzekwa ngendawo yokukhosela yesikhashana izinsuku ezintathu ngenkathi kuqedelwa indlu yabo.



Umndeni wakwaKhumalo kuWadi 14, kuMasipala Wendawo uPhongolo eSifundeni iZululand ubuhlala esakhiweni sodaka waze wavakashelwa nguNgqongqoshe uSibiya wawusiza ngomuzi omusha. Imindeni wakwaNkosi nowakwaGumbi ehlala ndawonye ithole izindlu.



Izelamani zakwaZulu, ezihlala endaweni yaseMhlathuzana kuMasipala Wendawo uMlalazi eSifundeni iKing Cetshwayo District, zisizakele ngenxa yokungenelela okusheshayo komnyango.



Kuphuculwe isimo senhlalo yomndeni wakwaGumbi ngokungenelela komnyango okusheshayo nokuwusizo.



UGogo Mazibuko (ona-92) wakuMasipala Wendawo Okhahlamba eSifundeni uThukela ubehlala endlini yodaka. Manje usehlala ngesithunzi.



UNgqongqoshe uSibiya mhla evakashele umndeni wakwaNkosi ngenkathi kubekwa isisekelo somuzi wawo omusha. Umndeni wakwaNkosi uthole umuzi wawo ngokushesha (ngenhla kwesokudla) ngaphandle kokwehla kwezinga.



UThobile Gwacela, ohlala eMvutshini kuMasipala Wendawo iRay Nkonyeni eSifundeni Ugu, kuyena ukungenelela komnyango kusho ukubuyeka kwesithunzi sakhe. Wakhelwa indawo yokuhlala yesikhashana ngenkathi esakhelwa indlu.

KWAZULU-NATAL PROVINCE
HUMAN SETTLEMENTS
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

STAY SAFE
PROTECT SOUTH AFRICA

2030 NDP

GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER

# I-EPWP – ayigcini ngoku'cosha amaphepha' nje

IZITSHUDENI zohlelo lwe-Expanded Public Works Programme (i-EPWP) Skills Development ziqashwa ngokugcwele emisebenzini yezokuhlaliswa kwabantu. Ziqeqeshelwa umsebenzi wepulangwe, ukwakha, ukuplastela nokufaka uphahla.

"Ukuthuthukiswa kwamakhono entsha kumqoka emgomweni wentuthuko esizibekele wona siyisifundazwe. Nge-EPWP, sifisa ukuthi intsha ingene shi emkhakheni wengqalasizinda," kusho uNgqongqoshe uJomo Sibiya.

Awu-5 516 amathuba omsebenzi (awu-1 765 kwabesifazane, awu-2 658 entsheni bese eba wu-27 ebantwini abanokukhubazeka) avele nge-EPWP ngo-2020/21. Umnyango uqeqeshe abantu abawu-140 EPWP emikhakheni ehlukene emkhakheni wezokwakha. Laba bantu bathola amathuba omsebenzi ngosonkontileka emisebenzini ehlukene.

Ngo-2021/22, umnyango ubuhlele amathuba omsebenzi awu-5 500 nokuqeqesha intsha ewu-200 emikhakheni ehlukene kwezokwakha.



Izitshudeni eziqeqeshwe kwiHlokozi Phase 1 neGudlucingo Rural Housing Projects kuMasipala wendawo uBuhlebezwe, eSifundeni iHarry Gwala District, zinoNgqongqoshe kazwelonke uNksz uMmamoloko Kubayi noNgqongqoshe uMnu Jomo Sibiya.



Intsha ethole amakhono eMaqumbi Rural Housing Project kuMasipala Wendawo uMaphumulo.



Ezinye zezitshudeni eziqeqeshwe kwiSithebe neMacambini Rural Housing Project kuMasipala Wendawo ILembe.

# Abantu basemakhaya abashiywa emuva

*"Ngifisa ukwazisa abantu baKwaZulu-Natali ukuthi sizibophezele ukuqinisekisa ukuthi abahlala ezindaweni ezisemakhaya abasali kulesi sivunguvungu sokuhlaliswa kwabantu esivunguza esifundazweni sonke," kuzibophezela uNgqongqoshe Sibiya.*

*Umnyango uhlinzeke ngezindlu ezingu-6 624 ngoHlelo Lwasemakhaya Lwezindlu ngonyaka wezimali wango-2020/21. UNgqongqoshe uzibophezele ekukhuphuleni ijubane lomsebenzi ukuqinisekisa ukuvuselela umnotho nokwakha umsebenzi emikhakheni yokwakha neyokukhiqiza.*

*"Wonke amazinga abasebenzi asebele emyalelweni wami wokuthi kumele senze umsebenzi wethu ekuthuthukiseni izindawo ezisemakhaya nokuvuselelwa kwamadolobha asezindaweni zamakhaya ukuqinisekisa amazinga empilo ahloniphekile."*



Umuzi onikelelwe isakhamuzi esiqalayo ukuba nomuzi uGogo Thandiwe Shwobede (ona-60) udluliswa nguNgqongqoshe Jomo Sibiya KwaSithebe kuMasipala Wendawo iMandeni eSifundeni ILembe.



Enye yezindlu kwiHlokozi Rural Housing Project kuMasipala Wendawo uBuhlebezwe eSifundeni iHarry Gwala.



Enye yezindlu emsebenzini wokwakha iMsinga Top Rural Housing kaR44 million, enezindlu ezingu-300 eSigabeni sokuqala. Lo msebenzi ukuMasipala Wendawo uMsinga kanti uyingxenye yohlelo lukahulumeni wesifundazwe ekuthuthukiseni ingqalasizinda yezindlu nezindawo zokuhlala eSifundeni uMzinyathi.



*UThakasile Khumalo ekhombisa injabulo kuNgqongqoshe Sibiya ngenkathi ebheka umsebenzi osuwenziwe kwakhe endaweni yaseTholakele. UNgqongqoshe evakashele kuMasipala Wendawo eDumbe ngaphansi kweSifunda iZululand ukuzohlola umsebenzi wokwakha iTholakele Rural Housing Project kuWadi 05 ku-Operation Siyahlola. UNgqongqoshe ubalule ukuthi kuyakhathaza ukuthi osonkontileka abanikwe ithuba lokubamba iqhaza embonini yokwakha yibona abavimba intuthuko yabantu. "Inhloso yokuhlola izindawo ukubona umsebenzi ongekho ezingeni nokusheshe kuxazululwe imibango kusesekuqaleni ukuphuthumisa ukwenziwa komsebenzi," kuchaza uNgqongqoshe uSibiya.*

KWAZULU-NATAL PROVINCE
HUMAN SETTLEMENTS
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA
STAY SAFE
PROTECT SOUTH AFRICA
2030 NDP
GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER